



Question time!

At Nal'ibali we are often asked for reading advice. There are some questions that lots of you have ask us. So, we thought we would share the five most frequently asked questions with you – and our responses to them!

1. What's the point of reading to babies when they don't understand what you are reading about?

Reading to babies and toddlers stimulates their thinking and develops their language. They might not be able to speak yet, but they are listening and engaging with every word that you say! Sharing books is also a great way to bond with your baby. When she enjoys looking at books with you, she learns that books are things that make her feel good! And so, she's more likely to want to learn to read them later on.

2. How often and for how long should I read to my child?

If possible, you should read aloud to your child every day for 15 minutes. Some children may want to spend more time than this sharing books with you. Other children – especially very young ones – may find it difficult to concentrate for 15 minutes. Your children should always enjoy you reading to them and it shouldn't feel like a chore, so rather break the 15 minutes up into smaller chunks of time.

3. Which books are good ones to read to my child?

Any book that your child enjoys is a good book because it encourages their love of reading and books. Always try to find books in your child's mother tongue and read those together before you start introducing books in another language.

4. My child has learnt to read. Should I stop reading aloud to him?

No! Find books which you think he would enjoy, but are still a little bit too difficult for him to read on his own, and read these aloud to him.

5. I want my children to respect books and take care of them. How can I teach them to do this?

If your children see you treating books with respect, they will learn to do this too. If they get pleasure from you reading aloud to them, they will take good care of books because they treasure the stories in them!

Isikhathi semibuzo!

KwaNal'ibali sijwayele ukucelwa ukuthi sicebise abathile mayelana nokufunda okubhaliwe. Kukhona eminye imibuzo iningi lenu elisibuze yona. Ngakho sicabange ukuthi sabelane nani ngemibuzo emihlanu esiyibuzwa njalo – kanye nendlela esiyiphendula ngayo!

1. Bafundelelwani abantwana abancane kakhulu ngoba abaqondi nokuthi ufunda ngani?

Ukufundela abantwana kanye nezingane ezicathulayo kukhuthaza ukucabanga kwazo bese kuthuthukisa nolimi lwazo. Noma zingakakwazi ukukhuluma, kodwa zilalele futhi, nazo zibamba iqhaza ekubhakeni igama ngalinye olishoyo! Ukwabelana ngezincwadi kuyindlela enhle futhi yokuxhumana nomntwana wakho. Uma ethokozela ukubuka nawe izincwadi, ufunda ukuthi izincwadi ziyizinto ezikwenza uzizwe ukahle! Ngakho-ke, usemathubeni amaningi okuthi afune ukufunda ukuzifunda izincwadi ekuhambeni kwesikhathi.

2. Kumele ngiyifundele kangaki, futhi isikhathi esingakanani ingane yami?

Uma kungenzeka, kumele ufundele ingane yakho kakhulu nsuku zonke imizuzu eyi-15. Kungenzeka ukuthi ezinye izingane zifune ukuchitha isikhathi esingaphezu kwalesi zabelana nawe ngezincwadi. Ezinye izingane – ikakhulukazi ezincane kakhulu – kungenzeka zikuthole kunzima ukugxila kulokhu imizuzu eyi-15. Kumele izingane zakho ziithokozele njalo ukuzifundela kwakho futhi akumele lokhu kuzwakale kunjengomsebenzi, ngakho-ke kungcono ukuthi uhlukanise imizuzu eyi-15 ibe yizikhathi ezahlukene.

3. Yiziphi izincwadi ezikahle engingazifundela ingane yami?

Noma iyiphi incwadi ethokozelwa ingane yakho iyincwadi ekahle ngoba ikhuthaza uthando lwayo lokufunda nolwezincwadi. Zama ngaso sonke isikhathi ukuthola izincwadi ezingolimi lwasekhaya lwengane yakho bese nizifunda ndawonye ngaphambi kokuba uqale ukwethula izincwadi ezingolunye ulimi.

4. Ingane yami isiyakwazi ukufunda. Ngabe kumele ngiyike ukuyifundela kakhulu?

Cha! Thola izincwadi ocabanga ukuthi ingazithokozela, kodwa ezithanda ukuba nzima ukuthi ingazifundela zona yodwa, bese uyifundela zona kakhulu.

5. Ngifuna ukuthi izingane zami zizihloniphe futhi zizinakekele izincwadi. Ngingazifundisa kanjani ukuthi zenze lokhu?

Uma izingane zakho zikubona uphetho izincwadi ngendlela ekhombisa ukuzihlonipha, nazo zizofunda ukwenza okufanayo. Uma ziithokoziswa ukuzifundela kwakho kakhulu, zizoziphatha kahle izincwadi ngoba zazisa izindaba ezingaphakathi kuzo!



Drive your imagination

Story Power.
Bring it home.
Walethe ekhaya amandla endaba.





What do you think?

In October 2014, Nal'ibali launched a national billboard drive called, "Story Power. Bring it home." If you have seen one or more of the Nal'ibali "Story Power" billboards, we'd like to hear from you!

Please complete the survey to tell us what you think. Send your completed survey form to The Campaign Manager, PRAESA, Suite 17-201, Building 17, Waverley Business Park, Wyecroft Road, Mowbray, Cape Town 7700; or fax it to 021 448 0991; or email it to info@nalibali.org. You can also complete the survey on-line by going to www.nalibali.org.



Masizwe uvo lwakho?

NgoMfumfu we-2014 uNal'ibali wethula umkhankaso wamabhibhodi obizwa ngokuthi, "Story Power. Walethe ekhaya amandla endaba". Uma uke walibona ibhibhodi elilodwa noma amaningi kaNal'ibali athi "Story Power" sicela ukuzwa ukuthi uthini.

Sicela ugcwalise inhlolovo ukuze usitshale ukuthi ucabangani. Thumela iphepha lakho locwaningo eligcwalisiwe ku-The Campaign Manager, PRAESA, Suite 17-201, Building 17, Waverley Business Park, Wyecroft Road, Mowbray, Cape Town 7700; noma ngefeksi ku-021 448 0991; noma nge-imeyli ku-info@nalibali.org. Ungagcwalisa futhi nocwaningo ngokusebenzisa insiza yekhompyutha ngokuya ku-www.nalibali.org.

SURVEY

About you

- Sex:**
 - Male
 - Female
- How old are you?**
 - 5-15 years
 - 16-20 years
 - 21-30 years
 - 31-40 years
 - 41-55 years
 - older than 55 years
- Tick all the languages you speak at home.**
 - English
 - Afrikaans
 - IsiXhosa
 - IsiZulu
 - IsiNdebele
 - Siswati
 - Sesotho
 - Sepedi
 - Setswana
 - Xitsonga
 - Tshivenda
 - Other

Now circle the language above that is the MAIN language you use at home.

About the billboards

- Where did you see a Nal'ibali "Story Power" billboard? (You can tick more than one answer.)**
 - At a taxi rank
 - At the side of a highway
 - Outside a school
 - Outside a shopping centre/shop
 - Inside a shopping mall
- Which of these three billboards have you seen in places other than in the Nal'ibali newspaper supplement? (You can tick more than one answer.)**
 - A father with two children flying on a book.
 - A mother carrying a baby on her back, with the baby reading a book.
 - A child reading a book with her hair blown backwards.
- What do you think of the billboards?**
 - I loved them.
 - They were okay.
 - I didn't like them.
 - I didn't understand them.
 - Nothing.
- What do you think the billboards are trying to say - what is the message? (You can tick more than one answer.)**
 - That there is a new children's programme starting on SABC.
 - That parents should read to their children.
 - That stories are good for children.
 - That children should bring home books and stories.
- Did you do any of these things after seeing the billboards?**
 - Visit the Nal'ibali website or mobisite.
 - Read /told a story to my child/ren.
 - Talked to others about the billboards.
 - Something else. (What did you do?
 - Nothing.
- If you talked to others about the billboards, who did you talk to about them? (You can tick more than one answer.)**
 - my friends
 - my family
 - my children

INHLOLOVO

Mayelana nawe

- Ubulili:**
 - Owesilisa
 - Owesifazane
- Uneminyaka emingaki?**
 - Iminyaka emi-5 - kweyi-15
 - Iminyaka eyi-16 - kwengama-20
 - Iminyaka engama-21 - kwengama-30
 - Iminyaka engama-31 - kwengama-40
 - Iminyaka engama-41 - kwengama-55
 - Iminyaka engaphezu kwengama-55
- Beka uqhushi kuzo zonke izilimi ozikhulumayo ekhaya.**
 - IsiNgisi
 - IsiBhunu
 - IsiXhosa
 - IsiZulu
 - IsiNdebele
 - ISiswati
 - ISesotho
 - ISepedi
 - ISetswana
 - IXitsonga
 - ITshivenda
 - Olunye

Manje kokelezela ulimi kwezingenhla OLUSETSHENZISWA KAKHULU ekhaya.

Mayelana namabhibhodi

- Uyibone kuphi ibhibhodi yakwaNal'ibali ethi "Story Power"? (Ungabeka uqhushi empendulweni engaphezu kweyodwa.)**
 - Erenki yamatekisi
 - Eceleni komgwaqo onguthelawayeka
 - Ngaphandle kwesikole
 - Ngaphandle kwenxanxathela yezitolo/esitolo
 - Ngaphakathi kwenxanxathela yezitolo
- Iyipi kulawa mabhibhodi amathathu oke wayibona kwezinye izindawo ngaphandle kwesithasiselweni sephephandaba sakwaNal'ibali? (Ungabeka uqhushi empendulweni engaphezu kweyodwa.)**
 - Ubaba ondiza ngencwadi nezingane ezimbili.
 - Umama obelethe ingane efunda incwadi.
 - Ingane efunda incwadi enezinwele eziphephuka zibheke emuva.
- Ucabangani ngamabhibhodi?**
 - Ngiyawathanda.
 - Akahle nje.
 - Angiwathandanga.
 - Angiwaqondanga.
 - Lutho.
- Ngabe ucabanga ukuthi amabhibhodi azama ukuthini - uthini umlayezo? (Ungabeka uqhushi empendulweni engaphezu kweyodwa.)**
 - Ukuthi kukhona uhlelo olusha lwezingane oluzoqala kwa-SABC.
 - Ukuthi abazali kumele bafundele izingane zabo.
 - Ukuthi izindaba zihle ezinganeni.
 - Ukuthi izingane kumele ziye ekhaya nezincwadi kanye nezindaba.
- Ngabe ukwenzile okunye kwalezi zinto ezilandelayo ngemva kokubona amabhibhodi?**
 - Ngivakashale isizindalwazi noma i-mobisite yakwaNal'ibali.
 - Ngifundele/ngixoxele izingane zami/ingane yami indaba.
 - Ngixoxe nabanye ngamabhibhodi.
 - Okunye. (Wenzi?
 - Lutho.
- Uma uxoxe nabanye ngamabhibhodi, ukhulume nobani ngawo? (Ungabeka uqhushi ezimpdulweni ezingaphezu kweyodwa.)**
 - abangani bami
 - umndeni wami
 - izingane zami

Create your own cut-out-and-keep book

- Take out pages 3 to 6 of this supplement.
- Fold it in half along the black dotted line.
- Fold it in half again.
- Cut along the red dotted lines.

Zakhele eyakho incwadi ozoyisika uyikhiphe bese uyigcina

- Khapha ikhasi lesi-3 ukuya kwele-6 kulesi sithasiselo.
- Asonge abe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
- Asonge abe nguhhafu futhi.
- Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



“It is I, Nogwaja, my king. I am very sorry to bring you such sad news so early in the morning,” he continued.

“What sad news are you talking about? Do speak up!” demanded Lion, trying to make his voice sound deep with authority.

UNogwaja, wasukuma wathi, “Kuyacaca ukuthi nonke senifike kwangqingetshe. Ngivumeleni ngihambe ngiyokwenza uBhubesi abhonge! Ngiyethembisa ukuthi ngingakwenza lokhu namhlanje ingakashoni ilanga.”

Kwazithokozisa kakhulu izilwane ukuzwa lokhu. Ezinye zazo zazikhathale futhi zilambile.

“Kuhle-ke, Nogwaja. Qhubeka necebo lakho. Ndilelanhle,” kusho uNyathi.

UNogwaja wahamba ngokushesha waya emphandwini webhubesi phezu emgedeni eduze nezintaba. Wema edwaleni wamemeza, “Ngiyakubingelela, nkosi yami enkulu!”

“Ubani lowo?” kubuza uBhubesi.

“Yimna, uNogwaja, nkosi yami. Ngiyaxohisa kakhulu ukuthi ngikulethele izindaba ezidabukisa kakhulu ekuseni kangaka,” kughubeka yena.

“Yiziphi lezo zindaba ezidabukisayo okhuluma ngazo? Khuluma bo!” kusho uBhubesi ngolaka ezama ukwenza izwi lakhe lizwakale lbhonga ngenxa yamandla anawo.

Nogwaja, the hare, stood up and said, “It is clear to me that there are no more helpful ideas or plans to solve our problem. Please allow me to go out and make Lion roar! I promise that I can do this before the sun sets today.”

The animals were so relieved to hear this. Some of them were tired and hungry as well.

“Very well, Nogwaja. Go ahead with your plan. We wish you success,” said Buffalo.

Nogwaja walked quickly to Lion’s den up in a cave near the mountains. He stood on a rock and called out, “Greetings to you, my great king!”

“Who is that?” asked Lion.


Children should have access to a diverse range of storybooks – including African stories.

Join the #givebookschangelives initiative to help us make a difference and get more books to more children.

www.puo.co.za
 Twitter: @PUO
 Facebook: @Puo for kids




Nal’ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children’s potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal’ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininigwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Fold 3



How Lion got his roar

UBhubesi wakuthola kanjani ukubhonga kwakhe

Gcina Mhlophe
 Magriet Brink

RRROOOOOOAAA AAAA
 AAAA
 AAAA
 AAAA
 AAAA



UNkawu wenza isiphakamiso, "Ngicabanga ukuthi kumle sibophele insimbi emqaleni kaBhubesi ukuze sikwazi ukumuzwa esaqhamuka kude."

"Lowo ngumbono omuhle kakhulu. Kodwa-ke ake usitshelc: Ubani ozoba nesibindi sokubophelela leyo nsimbi emqaleni wakhe?" kubuza uNgulube Yehlati.

Akkho umuntu owayezimisela ukusondela ngasenkosini yezilwane. "E, mhlawumbc singamkhhohisa ngandela thize. Singabophela imlenze yakhe etsheni elikhulu, ngeke akwazi ukuya kude!" kusho uMpala.

"Ake ume kancane Mpala, bandla," kungena emlonjeni uMpungushc, ngokungengwa. "Wazi kahle ukuthi kumle simcindezele phansi uBhubesi ukuze sikwazi ukubopha amaqakala akhe ngenentambo. Uma kukhona umuntu oyiswula kangangokuthi ufuna ukwenza lokho, lowo muntu ufana nongcwatshwe ephila." Kwakhala ezinye zezilwane ezincane. Zazazi ukuthi zazizobulawa uvalo uBhubesi engakazithinti nakuzithinta.

Fold

"Unfortunately, your brother is very ill. It looks as though he may die very soon. He has sent me to come and call you immediately," said Nogwaja.

"So where is he?" asked Lion.

"On the other side of that mountain, my king. Please allow me to travel with you and show you where he is."

The king stood up and followed Nogwaja without wasting any more time. When they had travelled a short distance, Nogwaja complained about how sore his little feet were. He said that he needed to rest a little. But Lion would not let him. He complained even more, until Lion said, "Very well then, come and climb on my back. We do not have much time."

The crafty hare jumped onto Lion's back and they continued their journey. Other animals who saw this could not understand how on earth Nogwaja could do such a thing! Nogwaja simply smiled at his friends, waved to them, but cautioned them by putting his finger on his lips to show the other animals that they should keep quiet. Lion and Nogwaja continued, with Lion unaware of how happy the hare was on his back.



There was a time, long, long ago, when Lion, king of all the beasts, had a very soft voice. He was not respected by his subjects and that bothered him very much. When he tried to roar, he made a hoarse little sound that was quite funny.

But the other animals did fear him because of his superior hunting skills. He could move very quietly, biding his time, until he was quite close. Then he would pounce on an unsuspecting victim – killing it instantly! The smaller animals were so scared of Lion that they would simply die of fright before he even sank his teeth into their flesh. The fact that Lion gave no warning sound made hunting very easy for him and his life was very good indeed. Lion was getting quite fat and lazy.



But this was terrible for the other animals. They hated the life they were living. They wished that Lion could at least make a warning sound when he was out hunting.

All the other animals heard Lion's roar – wherever they were hiding. They knew that Nogwaja had done what he had promised to do with great success! Many thanked Nogwaja and praised him for his clever plan.

From that day to the present, Lion's roar puts great fear into anyone who hears it.

Cosi cosi iyaphela. Here I rest my story.

Ngokuphazima kweso, uNogwaja wabona iqulo lezinyosi ezithukuthele lithungatha noma ubani ontshe uju lwazo. Esakhotha iminwe yakhe futhi ehleka usulu, uNogwaja wazibona sezipezu kwebhucsi elilele.

Wagxuma uBhubesi. Izinyosi zazimntinyela yonke indawo emzimbeni wakhe – okubi kakhulu ukuthi zazimntinyela ekhaleni nasezindlebeni, angisaphathi ngaphansi komsila wakhe – wayengazi nokuthi agijime ashonephi nokuthi kwakwenzeke kanjani lokhu. Wakhala kabuhlungu. Wakhala, egxuma ehla enyuka, laze labhonga izwi lakhe. Waqala ukubhonga egquma njengezulu! Ukubhonga kwakhe kwakuzwakala kuduma kwenanela namawa, kwezwakala nangaphesheya komfula omkhulu.

Zonke izilwane zezwa ukubhonga kukaBhubesi – noma ikuphi lapho ezazicashe khona. Zazazi ukuthi uNogwaja ukwenze ngempumelelo lokho ayethembise ukukwenza! Eziningi zambonga uNogwaja futhi zamtusa ngecebo lakhe elikhaliiphile.

Kusukela ngalelo langa kuze kube inamhlanje, ukubhonga kukaBhubesi kwenza wonke umuntu okuzwayo ashaywe uvalo.

Cosi cosi iyaphela.

Fold

“Ngeshwa, umfowenu ugula kakhulu. Kubukeka sengathi kuzomanela maduze nje. Ungithume ukuthi ngizokubiza manje,” kusho uNogwaja.

“Ngabe ukuphi?” kubuza uBhubesi.

“Ungakolunye uhlangothi lwentaba, nkosi yami. Ngicela ungvumele ngihambe nawe ukuze ngikubonise lapho ekhona.”

Yasukuma inkosi yalandela uNogwaja ingasaphohlisananga amaseko. Bengakahambi nebhanga elide, uNogwaja wakhala ngobuhlungu bezinyawo zakhe. Wathi udinga ukuphuma kancane. Kodwa uBhubesi akamvumelanga. Wakhonona kakhulu, uBhubesi waze wathi, “Kulungile-ke, beletsha emhlane. Asinasikhathi!”

Ungwaja oyiqili wabeba emhlane kaBhubesi base beqhubeka nohambo. Ezinye izilwane ezazibona lokhu, azizange ziqonde ukuthi uNogwaja ukwenze kanjani! UNogwaja wavela wamamatheka, kodwa wazexwayisa ukuthi zingathi vu ngokubeka umunwe wakhe emlonyeni. Baqhubeka nohambo oNogwaja noBhubesi, uBhubesi engazi ukuthi uNogwaja ujabule kanjani emhlane wakhe.




Monkey made a suggestion, “I think we must tie a bell around Lion’s neck so that we can hear him coming from far away.”

“That is a great idea indeed. But tell us: Who will be brave enough to put that bell around his neck?” asked Wild Pig.

Nobody was prepared to go anywhere near the king of the beasts. “Well, maybe we can trick him somehow. We can tie one end of a rope around his leg and the other end to a very big rock, then he cannot go far!” said Impala.

“Hold on Impala, please,” interrupted Jackal, very irritated. “You know very well that we would have to hold Lion down to tie the rope around his ankle. If anyone is foolish enough to do that, they are as good as dead!”

“There was big gasp from some of the smaller animals. They knew they would die from fright before Lion even touched them.



In the wink of an eye, Nogwaja saw the angry bees coming to get whoever had stolen their honey. Licking his fingers and smiling from ear to ear, Nogwaja saw them all over the sleeping lion.

Lion jumped up. The bees were stinging him all over his body – worst of all on his nose and ears, not to mention under his tail – and he did not know which way to run or how this had happened. He cried out in pain. He called out, jumping up and down, until his voice broke. He began to roar like thunder! His roar could be heard echoing over the mountain cliffs and across the big river.



Kukhona isikhathi endulo lapho uBhubesi, inkosi yazo zonke izilwane, wayenezwi elincane khona. Wayengahlonishwa yizilwane azibusayo kanti lokhu kwakumkhathaza kakhulu. Lapho ezama ukubhonga, wayevele asho ngesihosho kanti lokhu kwakuhlekisa kakhulu.

Kodwa ezinye izilwane zazimesaba ngenxa yekhono lakhe elikhulu lokuzingela. Wayevame ukunyonyobela, acuthele ezinye izilwane, aze abe seduze. Bese ezidumela zingazelele – ezibulala ujuqu! Izilwane ezincane zona zazimesaba kakhulu uBhubesi, zivele zibulawe uvalo engakazithinti nakuzithinta. Njengoba uBhubesi wayengenzi msindo wokuxwayisa izilwane, lokhu kwakwenza ukuzingela

kube lula kuye futhi nempilo imhambele kahle impela. UBhubesi wayeya ngokukhuluphala futhi eba yivila.

Kodwa lokhu kwakungekühle kwezinye izilwane. Zazingayithandi impilo eziyiphilayo. Zazifisa sengathi okungenani uBhubesi angenza umsindo wokuzexwayisa ukuthi uyazingela.

Ngelinye langa ekuseni ngowvi, lingakaphumi
 ilanga, uNyathi wabiza umhlangano ophuthumayo
 ngasemthonjeni wamanzi. Izinyoni zazisagala nje ukucula
 zibingela usuku olusha njengasemihleni. Kwahlangana
 iziwaneg eziningi ezahlukeneg kulo mhlangano okhethekile.
 Kodwa kwakusenkuseni kakhulu kuBhubesi, inkosi
 yeziwaneg, ukuba angahlanganyela nazo.
 Saya ngokuya sanda isibalo sezizwaneg – zezizwaneg,
 kusukela kwezincane ukuya kwezinkulu kunazo zonke.
 Lapho uNyathi esebona ukuthi zase zikhona zonke
 iziwaneg, wasukuma wazibingela.
 “Batowethu nodadewethu, ngimbize lapha ngoba
 sibhekene nenkinga enkulu. Kumele siyixazulule
 ngokukhulu ukushesha khona namhlanje!” Zonke iziwaneg
 zazizazizalalele kahle. “Sinenkinga enkulu ngendlela
 inkosi uBhubesi azingela ngayo. Akenzi msindo uma
 ezingela kanti ubulala abangani bethu kanye namalungu
 emindeni yethu noma imi uma ethanda, akaxwayisi
 muntu. Kumele senze okuthile ngokukhulu ukushesha!”
 kusho uNyathi ebonakala ekhathazake kakhulu.
 “Kunjalo, uNyathi uqinisele,” kwengeza uMfene. “Sizofa
 sonke, nezingane zethu imbala. Angeke zikwazi ukuthola
 ithuba lokukhula zize zibe yizizwaneg ezindala.”
 UNoni (inyamazane), uDube noNdulamithi banqekuzisa
 amakhanda bonke bevana.



Early one morning, before the sun was up, Buffalo called an urgent meeting near the waterhole. The birds were just beginning to sing their daily greetings to the new day. Many different animals gathered at this special meeting. But it was way too early for Lion, king of all the beasts, to attend.

The animals kept on coming – all of them, from the smallest to the biggest ones. When Buffalo was satisfied that everyone was there, he stood up and greeted them.

“My brothers and sisters, I have called you here because we have a very big problem. We have no choice but to find a solution no later than today!” All the animals settled down to listen. “We have a big problem with the way King Lion does his hunting. He does not make a sound when he hunts and he kills our friends and family members as and when he pleases, with no warning at all. Something must be done about this urgently!” said Buffalo looking very troubled.

“Yes, Buffalo is right,” added Baboon. “Soon we will all be dead, including our children. They will not even get a chance to grow into adults.”

Antelope, Zebra and Giraffe all nodded in agreement.



After some time had passed, Nogwaja said, “My king, you look very tired indeed. Why don’t we rest a while in the shade under that tree over there?”

Lion was tired – he was sweating heavily. As soon as he lay his head down, he fell asleep. In no time at all, he was snoring loudly. The trickster, Nogwaja, had seen a swarm of bees nearby. He quickly went to the beehive and stole a few honeycombs. Then he ran back and squeezed some honey out onto the sleeping lion’s ears, nose, neck and paws, and even lifted up Lion’s tail and put some honey on his rear end!

Ngemva kwesikhathi eside, uNogwaja wathi, “Nkosi yami, ubukeka ukhathale ngempela. Yini singaphumuli emthunzini ngaphansi kwalesiya sihlahla?”

UBhubesi wayekhathale – ejuluke emanzi te. Kwaba ukubeka phansi ikhanda nje, kwaba ukulala kwakhe. Akuphelanga sikhathi wabe eshudula izikhumba. Iqili, uNogwaja, lalibone iqulo lezinyosi eduze nalapho. Washesha waya esidlekeni sezinyosi wayontshontsha amakhekheba ezinyosi ambalwa. Wayesegijima wabuyela emuva, wase econsisela uju endlebeni, ekhaleni, emqaleni nasezidlaleni zebhubesi, waze waphakamisa nomsila kaBhubesi waconsisela uju nasezingeni zakhe!



Get story active!

Here are some suggestions of activities you and your children can do after you have read *How Lion got his roar*.

- Talk about the story. Here are some discussion ideas.
 - Why do you think the animals didn't talk to Lion about the problem they had with the way he hunted?
 - What would you have done if you had been one of the animals with this problem?
 - Do you think Nogwaja's plan was a clever one? Was it fair?
- Pretend you are reporters for your local newspaper. Write an article that describes what happened in the story. You could even draw a picture to go with your article.
- Give your children some paper plates, cardboard, wool, glue and paint to make a lion and a hare mask. Let them have fun retelling the story using their masks or making up their own stories with a lion and hare as characters.
- Use the story to help you complete the identikit below for Lion and Nogwaja.



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nazi ezinye iziphakamiso zalokho wena kanye nezingane zakho eningakwenza ngemva ngokufunda indaba ethi *UBhubesi wakuthola kanjani ukubhonga kwakhe*.

- Xoxa ngendaba. Nanka amanye amacebo alokho ongaxoxa ngakho.
 - Ngabe ucabanga ukuthi kungani ezinye izilwane zingazange zixoxe noBhubesi ngenkinga ezazinayo ngendlela ayezingela ngayo?
 - Wawuzokwenzenjani ukuba wawungomunye wezilwane ezazinale nkinga?
 - Ngabe ucabanga ukuthi lalihlakaniphile icebo likaNogwaja? Ngabe lalinobulungiswa?
- Yenza sengathi uyintatheli esebenzela iphepha langakini. Bhala uchaze ukuthi kwenzekeni endabeni. Ungadweba nesithombe esihambisana nendaba yakho.
- Nikeza izingane zakho amapuleti ephapha, ikhalibhothi, iwuli, iglu kanye nopende ukuze zenze izisithabuso, esebhubesi kanye nesikanogwaja. Zivumele ukuthi zizithokozise ngokuphinda zixoxe indaba zisebenzisa izisithabuso zazo noma ukuthi zizenzele izindaba zazo ngabalingiswa abayibhubesi nonogwaja.
- Sebenzisa indaba ukuze ugcwalise izifanekiso ezingezansi zikaBhubesi noNogwaja.

Identikit/Isifanekiso



Name/Igama: _____

Colour/Umbala: _____

Size/Ubukhulu: _____

Other physical features/Okunye ngokwakheka komzimba: _____

Personality/Ungumuntu onjani: _____

Other information/Eminye iminingwane: _____

Identikit/Isifanekiso



Name/Igama: _____

Colour/Umbala: _____

Size/Ubukhulu: _____

Other physical features/Okunye ngokwakheka komzimba: _____

Personality/Ungumuntu onjani: _____

Other information/Eminye iminingwane: _____

Nal'ibali on radio!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show:

UKhozi FM on Monday and Saturday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.

SAfm on Monday to Wednesday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



UNal'ibali usemsakazweni!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nangesiNgisi ohlelweni lomsakazo lakwaNal'ibali:

Ku-UKhozi FM ngoMsombuluko nangoMgqibelo kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.

Ku-SAfm ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.



Story corner

Here is the final part of the story about Sibu and the problem of his sneezing! Enjoy reading or retelling it.

A little bit (Part 2)

By Wendy Hartmann

"Aaaaah ... tishSSH ..." Everyone bent down and tried to hide. "... SHOOOO!" went Sibu.

Off soared the washing into the air. Down went the flowers, flat against the ground. Away flew Jabu and Nozi's homework. And to the little black cat's delight, out ran the mice.

"This can't go on. We have to do something. Did you eat something that made you sneeze?" asked Mrs Magona.

"No," answered Sibu.

"Did you smell something?" asked Mrs Magona.

"No," answered Sibu.

"Well, what did you do?" asked Mr Samson.

"I did what I do every Saturday morning," said Sibu. "I got up and washed. I had my breakfast. I sat in my chair to read my book, and, as usual, that little black cat came in to say hello."

Everyone turned to look at the little black cat.

"Is she your cat?" asked Mrs Magona.

"Oh no!" said Sibu.

"Who does she belong to?" asked Mrs Magona. Everyone shook their heads.

"Then we'll have to chase her away. Look, your jersey is covered in black fur," said Mr Samson pointing.

"You're allergic to cats, Sibu," said Mrs Magona. "That's why you sneeze. We will have to chase that cat away."

"No," said Jabu and Nozi together. "We'll take her home with us. Ma said we could get a cat."

"And how do you plan on keeping her away from Sibu's house?" asked Mrs Magona.

"Easy," said Jabu. "We'll do what you always say."

"Really? And what's that?" asked Mrs Magona.

"Give her a little bit of this and a little bit of that to welcome her," replied the children.

Everyone smiled.

So Jabu and Nozi went up to the little black cat, stroked its fur and spoke soft words. To everyone's amazement the cat got up and followed them home.

"Aaaaah," said Mrs Magona proudly. "It works every time."

"And now," said Sibu, "I'll make my beef stew to celebrate **NO MORE SNEEZING.**"

That evening the neighbours sat around the fire and ate Sibu's delicious stew.

And the little black cat? Oh, she was far too comfy and warm to bother Sibu. She knew that at Jabu and Nozi's house, she would always get a little bit of this, a little bit of that, and a whole lot of love.



Illustration by Shân Fischer
Umdwebo wenziwe nguShân Fischer

Ikhona lezindaba

Nansi ingxenye yokugcina yendaba emayelana noSibu nenkinga yakhe yokuthimula. Thokozela ukuyifunda kuzwakale, noma ukuphinda uyixoxe.

Kancane nje (Ingxenye yesi-2)

NguWendy Hartmann

"Aaaaah ... thishSSH ..." Kwagoba wonke umuntu bezama nokucasha. "... SHOOOO!" kusho uSibu.

Kwandiza izingubo ezenekiwe. Izimbali zalala uwaca. Kwandiza umsebenzi wesikole owenzelwa ekhaya kaJabu noNozi. Kanti-ke okwathokozisa ikatshana elimnyama ukuthi kwaphuma amagundane egijima.

"Akukwazi ukuqhubeka lokhu. Kumele senze okuthile ngakho. Ngabe udle into ekwenze wathimula?" kubuza uNkosikazi Magona.

"Cha," kuphendula uSibu.

"Ngabe kukhona okuhogele?" kubuza uNkosikazi Magona.

"Cha," kuphendula uSibu.

"Empeleni, wenzeni?" kubuza uMnumzane Samson.

"Ngenze lokho engikwenza njalo ngoMgqibelo ekuseni," kusho uSibu. "Ngivuke ngageza. Ngadla isidlo sami sasekuseni. Ngahlala esitulweni sami ukuze ngifunde incwadi yami, njengenjwayelo, kufike ikatshana elimnyama lazongibingelela."

Kwaphenduka wonke umuntu wabheka ikatshana elimnyama.

"Ngabe ikati lakho?" kubuza uNkosikazi Magona.

"Cha!" kusho uSibu.

"Elikabani?" kubuza uNkosikazi Magona. Wonke umuntu wanikina ikhanda.

"Kuzomele-ke silixoshe. Buka, ijezi lakho ligcwele uboya obumnyama," kusho uMnumzane Samson ekhomba.

"Awuzwani namakati, Sibu," kusho uNkosikazi Magona. "Yingakho uthimula nje. Kumele silixoshe leliya kati."

"Cha," kusho uJabu noNozi kanyekanye. "Sizoya nalo ekhaya. UMa uthe singaziitholela ikati."

"Nizobe senenza kanjani ukuthi lingezi endlini kaSibu?" kubuza uNkosikazi Magona.

"Ubala lolu," kusho uJabu. "Sizokwenza lokho ohlale ukusho."

"Ngempela? Ngabe yini leyo?" kubuza uNkosikazi Magona.

"Sizolinika okuncane kwalokhu kanye nokuncane kwalokhuya ukuze silemukele," kuphendula izingane.

Kwamamatheka wonke umuntu.

Ngakho uJabu noNozi baya ekatshaneni elimnyama, baphulula uboya balo base belihlebeli amazwi amnandi. Kwamangala wonke umuntu ngesikhathi ikati lisukuma libalandela.

"Aaaaah," kusho uNkosikazi Magona ngokuziqhenya. "Kuyasebenza ngaso sonke isikhathi."

"Kanti-ke manje," kusho uSibu, "Ngizokwenza isitshulu senyama yenkomo ukuze sigubhe ukuthi **ANGEKE NGISATHIMULA.**"

Kusihlwa ngalelo langa omakhelwane bahlala bazungeza umlilo base bedla isitshulu esimnandi sikaSibu.

Ikatshana elimnyama lona? O, lalithokomele futhi lifudumele kakhulu ukuthi lingaphazamisa uSibu. Lalazi ukuthi ekhaya likaJabu noNozi, lalizothola okuncane kwalokhu kanye nokuncane kwalokhuya, kanye nothando oluningi ngendlela emangalisayo.